



Vuk'uzenzele

Niyethulelwa wuPhiko likaHulumeni Lwezokuxhumana kanye Nokuhlinzeka Ngolwazi (GCIS) isiZulu/English

UNhlaba 2016 Ushicilelo 1



Umnotho wasolwandle waseNingizimu Afrika ungenisa izigidigidi

Ikhasi 2



Izigidi ezingama-R210 zokulungiswa kwemigwaqo namabhuloho aseGoli

Ikhasi 5

INEZIKHANGISO ZEMISEBENZI

UMnyango Wezasekhaya uthula ngokusemthethweni ukufakwa kwezicelo zomazisi nge-inthanethi



UMongameli Jacob Zuma kanye noNgqongqoshe Wezasekhaya uMalusi Gigaba ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni i-*e-HomeAffairs*.

Nonkululeko Mathebula

UMnyango Wezasekhaya usuzenzele kwaba lula ukuthi abantu bafake izicelo zomazisi abangamakhadi kanye namapasi.

Abantu abahlala eGauteng naseKapa akusadingeki ukuthi bame emugqeni ukuze bafake izicelo zomazisi namapasi kodwa manje sebengakwazi ukufaka izicelo besebenzisa i-inthanethi futhi babalande emabhange abo ngosuku olunqunywe.

Umnyango usebenzisana namabhange amane amakhulu nokuyi-Absa, i-FNB, i-Standard Bank ne-Nedbank, ukwenza uhlelo lwe-*e-HomeAffairs* lube yimpumelelo.

Lolu hlelo luhlose ukunciphisa imigqa emide emahhovisi ayi-140 kulo lonke izwe futhi lwenze izinsizakalo zomnyango zitholakale kalula.

UNgqongqoshe Wezasekhaya uMalusi Gigaba uthe iNingizimu Afrika iyizwe lokuqala ukusebenzisa uhlelo olunje.

UHLELO I-E-HOMEAFFAIRS

I-*e-HomeAffairs* ivumela abantu abaneminyaka engama-30 kuya kwengama-35 ubudala ukuba bafake izicelo zomazisi abangamakhadi kanye

namapasi, ukufaka izincwadi ezihambisana nesicelo kanye nokukhokhela izicelo zabo nge-inthanethi. Bangaphinda bahlele usuku namabhange abo ukuze bathathwe izithombe futhi kuqinisekise nezigxivizo zeminwe yabo.

Ngokushesha ngemva kwalokho, i-SMS iyothunyelwa kumfakisicelo esho ukuthi angazilanda nini izincwadi zakhe. Izindleko zomazisi oyikhadi ngamarandi ayi-140 kanti ukwenza ipasi ngamarandi angama-400. Okwamanje bangaphezu kwezi-4 000 abantu ababhalise ngokusebenzisa lolu hlelo.

Ekhuluma ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni lolu hlelo, uMongameli u-Jacob Zuma uthe uyazijabulela izinyathelo zokuphepha ezenziwe ngcono ezifakwa nguMnyango Wezasekhaya. Uthe ukwethulwa

komazisi abangamakhadi ngowezi-2013 esikhundleni somazisi abaluhlaza abanamagabelo yimpumelelo.

“Siyajabula ngempela ukuthi amabhange alekelelana noMnyango Wezasekhaya. Lo mnyango ubalulekile ezimpilweni zabantu bakithi nabo bonke abanye abahlala ezweni lethu,” washo.

UMongameli Zuma unxuse umkhakha ozimele ukuthi usekele umnyango ngawo wonke amandla.

UKUBANDAKANYA AMANYE AMABHANGE

Khona manjalo uNgqongqoshe uGigaba uthe umnyango wakhe uzoxoxisana namanye amabhange ukuthi basebenzisane nawo.

“Sizama ukusabalalisa umsebenzi wethu futhi senze kube lula kubantu ukuthi bafake izicelo zomazisi namapasi.”

“Lonke lolu hlelo alusebenzisi amaphepha futhi lusebenza ngobuchwepheshe futhi akukho ukungenela komuntu kulo.”

“Ungathemba lokhu ngesikhathi kukhishwa umazisi wakho oyikhadi, isikhathi lapho elithintwe khona ngumuntu yingesikhathi lithuthwa ngemvulophu lisuka lapho eligaywa khona liya ehhovisi lapho ozolilanda khona,” kusho uNgqongqoshe uGigaba.

UKWENZA NGCONO UKULETHWA KWEZINSIZA

UMqondisi Jikelele Womnyango Wezasekhaya uMkhoseli Apleni uthe lolu hlelo luhlose nokwenza ngcono indlela okwenziwa ngayo umsebenzi ngaphakathi emnyangweni.

“Inkohlakalo beyande kakhulu futhi omazisi babantu babebiwa futhi behlale besengozini”

“Umnyango wethu wawaziwa ngemigqa emide kanye namahora amaningi achithwa ulindele izinsizakalo futhi lokhu kusiphoke ukuthi sihambisane nesikhathi futhi sihambisane nezinkambiso zezobuchwepheshe zomhlaba.”

“Ubuhle balolu hlelo wukuthi izakhamuzi ezikhetha ukusebenzisa lolu hlelo akudingeki ukuba zibambe umugqa emahhovisi, nokusho ukuthi amahhovisi oMnyango Wezasekhaya azokwazi ukusiza ngokushesha abanye abantu abangakwazi ukusebenzisa lolu hlelo,” kusho u-Apleni.

E-Roodepoort, entshonalanga neGoli, umhlali uLungile Maseko utshela u-*Vuk'uzenzele* ukuthi ujabule ngohlelo olusha.

“Ngiyajabula ukuthi uhulumeni uhlala ethola izindlela zokwenza ngcono ukulethwa kwezinsizakalo.

“Nakuba ngingakwazi ukusebenzisa lolu hlelo ngenxa yokuthi angikufanele ngenxa yeminyaka yami yobudala, kumele ngivume ukuthi uhlelo luhle kakhulu. Luzosiza ukuqeda inkohlakalo futhi abantu ngeke kudingeki ukuthi bangayi emsebenzini ukuze benze umazisi noma ipasi,” kusho uMaseko.

UMnyango unethemba lokuthi lolu uhlelo luyosathalaliswa izwe lonke futhi luyoholela ekutheni abantu bakwazi ukulusebenzisela ukuthola izitifiketi zokuzalwa nezokufa.

UHLU LWAMAGATSHA AMABHANGE ASESEBENZISA LOLU HLELO

| ABSA | FNB | STANDARD BANK | NEDBANK |
|--------------------------------------|--|--|-------------------------------------|
| E-ABSA Lifestyle Centre, e-Centurion | E-FNB Menlyn, ePitori | E-Standard Bank, e-Killarney, e-Rosebank | E-Nedbank, e-Rivonia, eGoli |
| E-ABSA Towers North, eGoli | E-FNB Merchant Place, e-Rivonia, eGoli | E-Standard Bank, e-Canal Walk, eKapa | E-Nedbank, e-Lakeview, e-Roodepoort |
| E-ABSA Ghandi Square, eGoli | E-FNB, Lifestyle Centre, e-Centurion | | |

EZEMPILO

Ukunikela ngesitho somzimba kungahlenga izimpilo

Noluthando Mkhize

U-Mosa Mphore uthi yisikhathi sokuthi abantu baseNingizimu Afrika bashintshe indlela engalungile abacabanga ngayo mayelana nokunikela ngesitho zomzimba.

“Abantu bathi ukunikela ngesitho zomzimbo akulungile. Bathi kuphambene nenkolo kanye namasiko. Bayakhohlwa ukuthi uma unikeza imvume yokunikela ngesitho zakho zomzimba, unikeza omunye umuntu ithuba lesibili lokuphila,” kusho uMphore.

UMphore wayekhuluma ne-Vuk'uzenzele ekhaya lakhe eSoweto, eGoli. Uphila impilo ewubufakazi bokubaluleka kokuthi ukunikela ngesitho zomzimba kungabanika kanjani abanye abantu ithuba lesibili lokuphila.

UKULWELA UKUPHILA

Ngo-2011 impilo kaMphore yaguquka kakhulu ngesikhathi ehlaselwa wukugula futhi wazithola esesibhedlela egula kakhulu.

“Ngikukhumbula kahle okwakwenzeka ngathi bekwenzeka izolo. Kwakuyinkathi edidayo kakhulu kimi ngesikhathi ngihlaselwa wukugula. Umzuzu owordwa ngangizizwa ngiphilile kanti kolandelayo ngizizwe nginesicanucanu futhi ngiphelelwe ngamandla.”

“Ngangihlala nginamajaqamba esiswini futhi ngihlanza ngaso sonke isikhathi, ngingakwazi ukugcina lutho esiswini. Lokhu kwangithusa kakhulu njengenzizwa encane eyayiphila impilo ekahle futhi ngibamba iqhaza emidlalweni eminingi njengokugijima nokudlala ibhola lomphebezo.”

Waya ukuyobona udokotela wakhe nowathola ukuthi umfutho wakhe wegazi wawuphakeme kakhulu eminyakeni yakhe futhi babesola isifo sezinsu.

“Odokotela bathatha amasampula omchamo nabonisa izinga lamaprotheni eliphuzulu. Izinsu zami zase zingakwazi ukuhlunga amaprotheni nokungcola. Kwaqinisekiswa esibhedlela i-Chris Hani Baragwanath uku-



U-Mosa Mphore uthole ithuba lesibili empilweni ngenxa yomnikelo wezinso awutholile. Manje uchitha izinsuku zakhe efundisa umphakathi ngokunikela ngesitho zomzimba.

thi ngase ngiphethwe isifo sezinsu sesigaba sokucina.”

“Odokotela bangichazela ukuthi lesi simo sibangelwa yi-‘hayihayi’ esasidalwa ngumlando womndeni wami wokuphathwa yilesi sifo esingalapheki.”

UMphore uthi odokotela bamutshela ukuthi unenhlalana ukuthi usaphila.

“Ngahlala esibhedlela izinyanga ezintathu futhi ngalashwa nge-*haemodialysis* ngokushesha.”

Uma ulashwa nge-*haemodialysis*, umshini uhluza ukungcola, usawoti kanye noketshezi egazini uma izinsu zingasakwazi ukwenza kahle lo msebenzi.

Ukwelashwa nge-*haemodialysis* yindlela ejwayelekile yokwelapha isifo sezinsu esikwisigaba sokucina.

Ngokusho koMnyango Wezempilo ukwelashwa nge-*haemodialysis* kuhlinzekwa ezibhedlela zikahulumeni ezahlukene ezweni lonke, nokuyiSibhedlela sase-Kimberley (e-

Nyakatho Kapa), Esibhedlela sase-Klerksdorp, Esibhedlela i-Job Shimankana Tabane neSibhedlela Sesifunda i-Mafikeng (eNyakatho Ntshonalanga), Esibhedlela i-Universitas (eFreyistata), Esibhedlela i-Livingstone nasesibhedlela i-Frere eMpumalanga Kapa, Esibhedlela i-Tygerburg, Esibhedlela Sezangane i-Red Cross War Memorial kanye naseSibhedlela i-Groote Schuur (eNtshonalanga Kapa).

KwaZulu-Natal Isibhedlela Inkosi Albert Luthuli sihlinzeka ukwelashwa nge-*haemodialysis*, kanti eGauteng lokhu kwelashwa kuhlinzekwa ezibhedlela i-Charlotte Maxeke, i-George Mukhari nase-Steve Biko Academic. eMpumalanga, Isibhedlela i-Rob Ferreira neWitbank zihlinzeka ukwelashwa nge-*haemodialysis*.

UMphore uthi impilo yakhe yaguquka kakhulu njengoba wayehlala egula futhi ephuma engena esibhedlela.

“Lokhu kwaqhubeka kwaze kwaba yilapho

ngiqala i-*dialysis* ekhaya nokwakuyinto nokho engangiphathanga kahle, ikakhulukazi lapho kufanele ngixhunywe emshinini njalo emuva kwamahora amane ngilashwa.”

“Ngafakwa ohlwini lwabalinde ukuthola izinsu. Ngangiyizwa impilo yami iba buthaka futhi nabangani bami beziqhelanisa nami. Kodwa umndeni wami, abangani abancane engisondelene nabo kanye nentombi yami babengisekela.”

Ngonyaka we-2013 uMphore uthi wafakelwa izinsu.

“Kwangithatha izinyanga ezintathu ukuba ngilulame emva kokuhlinzwa. Ngenxa yalokho engabhekana nakho, ngiye nganquma ukunikela ngempilo yami ekuqwashiseni ngokunikela ngesitho zomzimba ngokuxoxa udaba lwami kanye nokufundisa abantu ngezifo ezingalapheki.”

INHLANGANO I-OPEN-EYE

Ngesikhathi esesibhedlela, uMphore wenza isifungo sokusindisa okungenani umuntu oyedwa kulolu sizo kanye nokufundisa umphakathi ngesifo sezinsu.

“Ngabumba Inhlangotho i-Open-Eye, inhlangotho engenzi inzuzo esebenza ngempilo yomphakathi kanye nokuqwashisa efundisa umphakathi ngezifo eziyingozi nezingalapheki kanye nezinzuzo eziphilisa impilo zokunikela ngesitho zomzimba.”

Unezezela ngokuthi impilo iye yaba nezikhathi ezinzima nezimnandi kodwa uyabonga ukuthi unikwe ithuba lesibili, nokumenze wanikela impilo yakhe ekufundiseni abanye.

Ukuthola ulwazi oluthe xaxa ngokunikela ngesitho zomzimba, vakashela lesi sizandalwazi:
www.odf.org.za noma ushaye le nombolo engakhokhelwa: 0800 22 66 11.

Odinga ukukwazi mayelana nokunikela ngesitho zomzimba

ORGAN DONOR FOUNDATION



Noluthando Mkhize

Abantu abaningi abazi ukuthi ngokunikela ngesitho somzimba ngemva kokufa ungasindisa impilo yabantu abaningi.

Kunezinkulungwane zabantu ezilindele ukunikelwa izitho zomzimba ukuze ziphile noma ziphile impilo ejwayelekile.

Izinhlangotho ezifana neNhlangotho Yokunikela Ngesitho Zomzimba zihlinzeka ngosizo nolwazi emiphakathini mayelana nokunikela ngesitho zomzimba kanye nesidingo esiphuthumayo sokuba abantu babhalisele ukunikela ngesitho zomzimba.

U-Emlynn Roynie weNhlangotho Yokunikela Ngesitho Zomzimba uthi njengamanje kukhona abantu abadala kanye nezinyane abangaphezu kwezi-4 300 abalindele izitho zomzimba kanye nokufakelwa ulwebu lwenhlavu yeso eNingizimu Afrika.

“Ngeshwa, bangaphansi kwama-600 abantu abayothola ukufakelwa isitho kulaba kanye nokuthola ithuba lesibili lokuphila ngenxa yalokhu kuntuleka okukhulu. Sinxusa wonke umuntu ukuthi abhalise futhi abe yisisombulu-

lo kulezi zibalo ezishaqisayo,” kusho u-Roynie.

Noma yimuphi umuntu ophile kahle futhi ongenazo izifo ezingalapheki ezingagulisalwa lowo oyothola isitho somzimba uyokwamukelwa njengonganikela ngesitho somzimba.

Izitho ezifana nenhliziyo, isibindi, kanye namanyikwe zingasindisa abantu abathathu, kanti izinsu kanye namaphaphu kungasiza abanye abantu abane.

Azikhokhe okumele uzikhokhe ukuze unikele ngesitho zomzimba futhi amalungu omndeni awakhokhi zindleko ezihlobene nokunikela ngesitho somzimba.

Ngikwazi kanjani ukunikela ngesitho/izicubu zomzimba?

Uma ungathanda ukunikela ngesitho zomzimba shayela iNhlangotho Yokunikela Ngesitho Zomzimba kule nombolo engakhokhelwa: 0800 22 66 11, noma ubhalise nge-inthanethi kulesi sizandalwazi: www.odf.org.za

Ubohlale uphethe Ikhadi Lokunikela Ngesitho Somzimba njalo esikhweni sakho futhi ufake Istikha Sokunikela Ngesitho Somzimba kumazisi wakho kanye nakulayisensi yokushayela yakho. Kubalulekile ukuthi umndeni wakho wazi ngesifiso sakho njengoba NGAPHANDLE kwemvume yabo izitho/ izicubu zakho zomzimba ngeke zinikelwe.

Nakekela izinsu zakho

Isifo sezinsu esingalapheki singumbulali buthule oqhubekayo nokubulala izinkulungwane zabantu emhlabeni jikelele.

Inani labantu abadinga ukulashelwa isifo sezinsu liyaqhubeka nokukhula futhi lokhu kufaka ingcindezi eyengeziwe ohlelweni lwezempilo oseluthwele kanzima kakade.

Ukuze ujabulele ukuphila okunempilo kanye nokugwema ukuphathwa yisifo sezinsu kumele unakekele izinsu zakho.

Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa ngokwelashwa nge-*haemodialysis* shayela lezi zinombolo ezilandelayo:


ENyakatho Kapa
Esibhedlela Sesifundazwe i-Kimberley
053 802 9111

ENyakatho Ntshonalanga
Esibhedlela sase-Klerksdorp
018 406 4600
Esibhedlela i-Job Shimankana Tabane
014 590 5100
Esibhedlela Sesifundazwe i-Mafikeng
018 383 2005

EFreyistata
Esibhedlela i-Universitas
051 506 3500

EMpumalanga Kapa
Esibhedlela i-Frere
043 709 1111
Esibhedlela i-Livingstone
041 405 9111

ENtshonalanga Kapa



Esibhedlela i-Tygerburg - 021 938 4785/6
noma 021 938 6595/6
Esibhedlela Sezangane i-Red Cross War Memorial - 021 658 5111
Esibhedlela i-Groote Schuur
021 404 9111

KwaZulu-Natali
Esibhedlela Inkosi Albert Luthuli
031 240 1911

EGauteng
Esibhedlela i-Charlotte Maxeke
011 488 4911
Esibhedlela i-George Mukhari-
012 529 3111
Esibhedlela i-Steve Biko Academic
012 354 1702

EMpumalanga
Esibhedlela i-Rob Ferreira - 013 741 6100
Esibhedlela i-Witbank- 013 653 2000

Limpopo
Esibhedlela Sesifundazwe i-Polokwane
015 287 5000